



U-Barack Obama
UMongameli wase-Melika



U-Benjamin Netanyahu
UNdunankulu wakwa-Israyeli



UMfundisi Tony noSusan Alamo
E-Tony Alamo Christian Ministries

ISIVUMELWANO SAMAPALESTINA

ngu Tony Alamo

Ekupheleni kweSikhathi seThusi (1500-1200 B.C.), Ama-Israyeli afika eKhanani. Ukunqoba kwawo iPalestina kwenzeka ngabo 1400 B.C. [ngokohlelo lezenzakalo eMasora] (Masoretic chronology).¹ AmaPalestina ayeyingxenye yeKhanani. UNKULUNKULU watshela u-Israyeli ukuba abhubhise iKhanani (AmaKhanani), kanye nezinye izizwe. Uma u-Israyeli engababhubhisi, bonke labo ababavumela ukuba baphile babeyokuba yiva kubona.²

Umlando wamaPalestina ususelwa kuKhanani, indodana kaHamu. UKhanani, indodana kaHamu, ungubaba kaSidoni (UGenesise 10:15-20), okuluhlanga lwamaSirofenikethe (abantu abam-

nyama). UHeti (i.e. AmaHiti), amaJebusi, ama-Amori, amaGirigashi, amaHivi, amaFellahini, ama-Arki (abahlali baseArka), amaSini, ama-Arvadi, abantu baseTartos, namaZemari abantu baseSumra, amaHamati, amaKhanani onke — kusuka eSidoni kuya ngaseGerari kuya eGaza, eSodoma naseGomora, kanye nase-Admah, eSeboyimi, eLasha, naseRephaim — bonke babeyizidlakela zeziqhwaga (UDuteronomi 2:11, 20). Ama-Amori, ama-Emimu (izidlakela zeziqhwaga), namaZamzummimi noma amaZuzimu, ama-Amoni (noma uHamu), nama-Anaki (noma ama-Anakim) nabo babeyizidlakela zeziqhwaga (UDuteronomi 3:11, UNumeri 13:33).³ UKhanani unguyise

wayo yonke imindeni yase-Afrika, noma lonke elasePalestina.⁴

Isivumelwano, ongasibiza ngokuthi isivumelwano samaPalestina, noma isivumelwano kuzozonke izizwe, wukuthi nje ngokusobala uNKULUNKULU uthembisa amaPalestina, ama-Arabhu, ama-Iraqi, ama-Irani, abaseLebanoni, naseKoriya, nazozonke izizwe zomhlaba ukuthi, umhlaba wakwa-Israyeli ungoka-Israyeli (amaJuda)!!⁵ Lesi futhi isivumelwano samaRashiya, isivumelwano samaChina, isivumelwano sabaseMelika eseNyakatho, isivumelwano sabaseMelika eseNingizimu, isivumelwano sabamaPhakathi neMelika, kanye nesivumelwano sezizwe zonke. Lesi

(Kuyaqhubeka ekhasini 2)

1 Inqolobane yeBhayibheli ebizwa ngeNew Unger, ikhasi 954 2 Eks. 23:27-33, Num. 33:53-55, Josh. 23:12-13, AbAhl. 2:1-5 3 Inqolobane yeBhayibheli ebizwa ngeNew Unger, ikhasi 956 4 Inqolobane yeBhayibheli ebizwa ngeNew Unger, ikhasi 956 5 Gen. 12:1-7, 13:14-17, 15:7, 17:7-8, 26:1-5, 28:1-5, 10-14, 18-19, 35:10-12, 48:3-4, Eks. 6:2-4, 8, 32:13, Lev. 20:23-24, Dut. 1:8, Josh. 13:1-6, 1 IziKr. 16:12-19, 2 IziKr. 20:7, Neh. 9:7-8, AmaH. 105:5-11

ISIVUMELWANO SAMAPALESTINA

(Kuyaqhubeka kusukela ekhasini 1)

isivumelwano sikaNKULUNKULU ku-Israyeli, iPalestina, i-U.S.A., iRashiya, i-U.K., i-China, nama-Arabhu, kanye nomhlaba!!

UKUBALULEKA

KWALESIVUMELWANO SOMHLABA

Ukubaluleka okukhulu kuxhumene nalesivumelwano. (1) Sinika isiqinisekiso ku-Israyeli, ngokungangabazeki, ukuthi itayitela lomhlaba wesithembiso lisengelika-Israyeli (amaJuda). Akusho lutho ukuthi esikhathini esedlule bebedonsa izinyawo ekusebenzeleni uNKULUNKULU. UNKULUNKULU uyazazi izinhliziyi zabo, futhi lokhu AKuthembisile kuzokwenzeka.⁶ UNKULUNKULU uyazi ukuthi ukungakholwa kwabo kuyophenduka inkolo:⁷ kuyenzeka manje! Umhlaba (abawuthenjisiwe) uselokhu ungo ka-Israyeli, ngokwesithembiso sikaNKULUNKULU. (2) Ngaphezu kwalokho, isingeniso sesivumelwano esinemibandela, u-Israyeli ayephila ngaphansi kwaso ngalesosikhathi, asikwazanga futhi asisibekanga eceleni isithembiso esingomusa sendabuko mayelana nenhloso kaNKULUNKULU. Leliqiniso liyisisekelo sombono obekwa nguPawulu uma ebhala, “Isivumelwano, sikaNKULUNKULU kuKRISTU, esaqiniswa nguNKULUNKULU ngaphambili, umthetho, owavela emva kweminyaka engamakhulu amane namashumi amathathu, awusesuli, uze usichithe isithembiso” (KwabaseGalathiya 3:17).

(3) Lesivumelwano siyisiqinisekiso kanye nokwandiswa kwesivumelwano sendabuko sika-Abrahama.⁸ Lesivumelwano samaPalestina noma somhlaba sicasa kabanzi ngengxenywe yesivumelwano sika-Abrahama, ephathelene nomhlaba (awuthenjisiwa). Lokucacisa kabanzi (loku-amplifaya indaba) okuza emuva kokungakholwa nokungalaleli ngamabomu empilweni yesizwe, kweseka umbono othi isithembiso sendabuko sanikezelwa ukuze sigcwaliseke nanoma kukhona ukungalaleli nobuhlongandlebe.

UKULETHWA

KWESIVUMELWANO

SAMAPALESTINA KANYE NESOMHLABA

Lokhu okubizwa ngesivumelwano kuDuteronomi 30:1-3, 5-9: “Kuyakuthi

lapho, zonke izinto sezikwehlele, isibusiso nesiqalekiso, engizibekile phambi kwakho, udlinze ngazo enhliziyweni yakho phakathi kwezizwe, lapho uJEHOVA uNKULUNKULU wakho ekuxoshele khona, ubuyele kuJEHOVA uNKULUNKULU wakho, ulilalele izwi LAKHE njengakho konke engikuyala ngakho namuhla, wena nabantwana bakho, ngayo yonke inhliziyi yakho, nangawo wonke umphefumulo wakho; Khona uJEHOVA uNKULUNKULU wakho uyakubuyisa ukuthunjwa kwakho, akuhawukele, abuye akubuthe ezizweni zonke, lapho uJEHOVA uNKULUNKULU wakho ekuhlakazele khona [Lokhu kwenzeka ngo 1948, futhi kusaqhubeka namuhla.]... UJEHOVA uNKULUNKULU wakho akungenise ezweni oyihlo abalidlayo, ulidle... UJEHOVA uNKULUNKULU wakho uyakusoka inhliziyi yakho, nenhliziyi yenzalo yakho, ukuthanda uJEHOVA uNKULUNKULU wakho, ngayo yonke inhliziyi yakho nangawo wonke umphefumulo wakho, ukuba uphile. UJEHOVA uNKULUNKULU wakho uyakuzibeka zonke lezi ziqalekiso phezu kwezitha zakho naphezu kwabakuzondayo... Uyakubuya ulilalele izwi likaJEHOVA, uyenze yonke imiyalo YAKHE engikuyala ngayo namuhla. UJEHOVA uNKULUNKULU wakho uyakukwandisa... ngokuba uJEHOVA uyakubuye athokoze ngawe ukuba kube kuhle.”

Uma sicubungula loMbhala, siyabona ukuthi ziyisikhombisa izingxenywe ezibalulekile enjongweni kaNKULUNKULU lapha. (1) Isizwe siyakusiphulwa ezweni ngenxa yokungathembeki (UDuteronomi 28:63-68, 30:1-3). (2) Kuyakuba nokuphenduka kuka-Israyeli ngesikhathi esizayo (UDuteronomi 30:1-3). (3) UMESIYA wabo uyakubuya (UDuteronomi 30:3-6). (4) U-Israyeli uyakubuyiselwa ezweni (UDuteronomi 30:5). Lokhu kwenzeka ngo 1948. (5) U-Israyeli uyakuphendulwa njengesizwe (UDuteronomi 30:4-8, KwabaseRoma 11:26-27). (6) Izitha zika-Israyeli ziyohlulelwa (UDuteronomi 30:7). (7) Ngalesosikhathi isizwe siyokwamukeliswa isibusiso saso esipheleleyo (UDuteronomi 30:9).

Ngisafunda lendimana, ngibona izithembiso eziningi ezahlukahlukene zinikeziwe lapha futhi ezikhombisa (noma okumele zikhombise zicacise) in-jongo yalesithembiso, hayi kumaPales-

tina kuphela, kodwa emhlabeni wonke. Umuntu kumele akholwe ukuthi uNKULUNKULU usithathela phezulu lesivumelwano, futhi sibaluleke kakhulu KUYE. UNKULUNKULU akagaranti kuphela ukuthi singesika-Israyeli, kodwa Uyazibophezela Ukwahlulela futhi Asuse izitha zika-Israyeli, Anike u-Israyeli inhliziyi entsha, ukuphenduka ngaphambili kokubabeka ezweni.⁹

Lesivumelwano esifanayo siqinisekiswa endimeni eza kamuva emlandweni ka-Israyeli, esiprofethweni soMprofethi uHezekeli. UNKULUNKULU uqinisekisa ngothando LWAKHE ngo-Israyeli ngesikhathi sakhe sokuba wusana (UHezekeli 16:1-7). Uyamkhumbuza ukuthi wakhethwa, futhi wabe esehlobana noJEHOVA ngomshado (amavesi 8-14). Nokho-ke, wadlala ukuba isifebe (amavesi 15-34). Ngakho-ke, isijeziso sokuhlakazwa sakhishelwa kuye (amavesi 35-52). Lesi akusona isinqumo sokugcina noma ukubekwa kuka-Israyeli eceleni, ngoba kuyobakhona ukubuyiselwa (amavesi 53-63). Lokhu kubuyiselwa kusekwe isithembiso sikaNKULUNKULU: “Kepha, Ngiyakusikhumbula isivumelwano SAMI nawe ebusheni bakho, ngikumisele isivumelwano esiphakade. Usuyakukhumbula izindlela zakho, ujabhe, lapho uyakubamukela odadewenu, omkhulu nomncane: ngikunike bona babe ngamadodakazi, kungabi ngesivumelwano sakho kodwa. Sengiyakumisa isivumelwano SAMI nawe; wazi ukuthi nginguJEHOVA” (UHezekeli 16:60-62).

Ngakho iNKOSI Igcizelela isivumelwano SAYO ku-Israyeli, nomhlaba, kanye nakumaPalestina. Ngokubuyekeza isithembiso sendabuko seNKOSI ngezinto okumele zenzeke ukuze lezithembiso zifezeke—zifezeke ngokoqobo—sibona lokho; (1) U-Israyeli kumele aguqulwe njengesizwe.¹⁰ (2) Kumele baqoqwe futhi babuyiselwe kwa-Israyeli kuwona wonke amagumbi amane omhlaba.¹¹ (3) U-Israyeli kumele asimame ngokuqinileyo ezweni lakhe, azokwenziwa ukuthi alidle. Kumele akubone ukwahlulelwa kwezitha zakhe, futhi kumele azithole izibusiso zakhe eziphathekayo athenjiswa zona.¹²

Lesivumelwano kumele sibe nomthelala omkhulu kunoma ubani ofundiswa iziprofetho zesikhathi sokugcina. Ingingi lalezinto sezifezekile. Wonke u-Israyeli

6 Gen. 17:5-8, 48:3-4, Lev. 26:40-45, Dut. 4:29-31, 30:1-5, AmaH. 9:10, 105:6-11, 145:18, Isaya 27:6, Hez. 47:13-20, Mik. 7:18-20 7 Rom. 9:25-27, 11:19-24 8 Gen. 12:1-3, 7, 15:7, 17:1-8 9 Dut. 33:26-29, Isaya 59:18-19, Jer. 31:31-34, Hez. 6:8-10, 11:17-20, 36:24-36, Heb. 8:10-12 10 Zak. 12:1-10, Rom. 11:26-27 11 Isaya 11:12, Hez. 39:23-29, Am. 9:14-15, Zef. 3:17, 19-20, Zak. 8:7-8 12 Gen. 12:1-3, 26:1-5, Dut. 8:18, 28:1-14, Shum. 5:19, Isaya 49:26, 66:20-24, Jer. 30:16-24, Hez. 39:1-21, Joweli 2:18-21, 3:16-21

akasiwona u-Israyeli.¹³ Abantu bakhe se-beqoqiwe. Izinkulungwane zabo zikholwa kuJESU njengoMESIYA. Abakakuboni ukubhujiswa kwezitha zabo, kodwa lesivumelwano, siyisivumelwano saphakade futhi esingenayo imibandela, futhi sifuna ukugcwaliseka ngokupheleleyo. Bayisizwe nakanjani, futhi bamisiwe ngokuqinileyo. Indlela engibona ngayo, kuzobakhona abaphendukayo abaningi, nokuhlushwa

okuningi, kanye nokubhujiswa okupheleleyo kwabobonke abayizitha zabantu abakhethiweyo baNKULUNKULU kanye nendawo uNKULUNKULU ayithanda kunazozonke emhlabeni, i-Israyeli (UIsaya 11:11-12, 27:12-13, 43:1-8, 49:8,16, 66:20-22, UJeremiya 16:14-16, 23:3-8, 30:10-11, 31:1-19, 31-37, UHezekeli 11:17-21, 20:33-38, 34:11-16, 39:25-29, UHoseya 1:10-11, UJoweli 3:17-21, UA-

mose 9:11-15, UMika 4:1-8, UZefaniya 3:14-20, UZakariya 8:1-8).

Lesi isithembiso esinikezwe bonke laba abangcwele. Noma ngabe abayikuphila ukubona ukugcwaliseka kwalezithembiso; bayakuzibona ekuseni kovuko, bayokubona konke kubukiswa. Njengalokhu uNKULUNKULU ethembisile: ISabatha lenzelwa umuntu (ukuthi aphumule *(Kuyaqhubeka ekhasini 4)*)

13 Joh. 4:23-24, Rom. 1:16-17, 9:6-8, 11:2-15, Gal. 3:7-9, 28, Ef. 2:11-22, IsAmb. 7:9, 13-15

Izincwadi Eziya Kumfundisi Alamo

Endiya

Ngiyakubingelela egameni elihle likaJesu. Ngizitholile izincwadi zezindatshana, ibhokisi elilodwa. Ngiyabonga. Ngazisabalalisa izincwadi zezindatshana, zonke kahle. Ngiyakukhulekela, inkonzo yakho kanye nomndeneni wakho. Ngicela ungikhulekele, bese ungithumela ezinye izincwadi zezindatshana. Ngiyabonga.

Umfowenu onothando kuKristu,
UMfundisi Kommu Baburao
ESifundeni saseKhammam
E-Andhra Pradesh, Endiya

UMfundisi Kommu Baburao esabalalisa izincwadi zeVangeli zikaMfundisi Alamo ngokolimi lwesiTelugu e-Andhra Pradesh, Endiya



E-Kenya

Ngiyakubingelela egameni leNkosi noMsindisi,

Kuyithuba elihle leli ukukwazisa ukuthi ngibusisekile ngohlelo lwakho lomsakazo ku-Radio East Africa.

Njengomhlali waseKenya lubenomthelela omkhulu empilweni yami futhi sengitshele abangani abaningi ngenkonzo yakho.

Ngicela ungithumele noma iziphi izincwadi zobuKristu.

Egameni Lakhe elikhazimulayo,
U-Rebecca Muthoni E-Kenya, E-Afrika

Mvangeli Tony Alamo othandekayo, Ngiyakubingelela egameni leNkosi uJesu Kristu,

Usindisa imiphefumulo eminingi futhi unika uthando nokuthula emhlabeni. Uli-themba lethu ngomusa kaNkulunkulu.

Uyisikhuthazo njengoba imilayezo

yakho isijulise uhambo lwami lukamoya noNkulunkulu.

Sengathi uBaba osezulwini angakubusisa ngokuchichimayo usaqhubeka nohamba lwakho Kuye.

Owakho egameni Lakhe elingcwele,
U-Elvis Kinyua E-Meru, E-Kenya, Afrika

E-Iowa

EWaterloo, e-Iowa, umfundi waseWest High School, ibhungu elalisanda kufika kulesikole, umzukulu wendoda engiyaziyo, wayeseklasini lapho uthisha wayebatshele amanga ngendalo, lokhu okuthiwa yi-BIG BANG. U-Alex Michael Landers wasukuma wathi, "Lokho akusilo iqiniso, UNkulunkulu wadala izulu nomhlaba." Uthisha wathi, "Asivumelekile ukufundisa lokho lapha." U-Alex waphendula, "Nginyanqaba ukuthi ngize esikoleni ukuzolalela amanga. Ngize esikoleni ukuzofunda iqiniso."

Kimina, ngenxa yokuthi lomuntu omusha uneminyaka eyi 15, lokhu kungubufakazi obunamandla kakhulu, engake ngabuzwa obuvela ohlelweni lwezikole zikahulumeni. Khulekela ukuthi wonke umuntu afane nalenziswa. Ibandla lethu lonke liyaziqhanya ngaye. Uma yonke intsha engamaKristu efunda ezikoleni zikahulumeni ingenza njengalenziswa esencane, kuyoba nemvuselelo phakathi kwentsha. UMfundisi Tony Alamo



INKONZO KA-ALAMO EKU-INTANETHI
www.alamoministries.com

ISIVUMELWANO SAMAPALESTINA

(Kuyaqhubeka kusukela ekhasini 3)

futhi abuke uNKULUNKULU egcwalisa izinto zonke), kodwa umuntu akenzelwanga iSabatha (ukuphumula): Ngokunjalo iNDODANA yoMUNTU iyiNKOSI yeSabatha imbala (lokuphumula, noku- pheleliswa) (NgokukaMarku 2:27-28).

Kuyoba nokuthula kwa-Israyeli uma uNKULUNKULU esebhubhisa izitha zakhe, okuzokwenzeka masinyane!¹⁴

Ukuthula kuyoba ngokwakho uma wamukela uJESU uMESIYA ongum- Juda njengeNKOSI noNKULUNKULU. Kuyoba ukubhujiswa kwakho, uma ulwa NAYE noma nabantu BAKHE njengoba kwakunjalo eJeriko.¹⁵

Mamukele ngokusho lomthandazo:

NKOSI yami, NKULUNKULU wami, yiba nesihle phezu kumphefumulo wami, umoni.¹⁶ Ngiyakholwa ukuthi UJESU KRISTU uyiNDODANA kaNKULUNKULU ophilayo.¹⁷ Ngiyakholwa ukuthi Wafa esiphambanweni futhi wachitha igazi LAKHE eliyigugu ukuze ngithethelelwe zonke izono zami engizenze ngaphambilini.¹⁸ Ngiyakholwa ukuthi UNKULUNKULU wavusa UJESU kwabafuleyo ngamandla KAMOYA OYINGCWELE,¹⁹ nokuthi Uhlezi ngak-

wesokunene sikaNKULUNKULU ngalomzuzu elalele ukuvuma kwami izono zami kanye nalomthandazo.²⁰ Ngivula umnyango wenhliziyoyami futhi ngiyakumema ukuthi ungene enhliziyweni yami, NKOSI JESU.²¹ Ngihlanze kuzo zonke izono zami ezingcolile egazini eliyigugu, othe walichitha esikhundleni sami, esiphambanweni eKhalivari.²² Angeke ungichithe ungilahlele ngaphandle NKOSI JESU. Uzongithethelela izono zami futhi usindise umphefumulo wami. Ngiyazi ngoba IZWI LAKHO, iBhayibheli, lisho njalo.²³ IZWI LAKHO lithi akekho namunye umuntu oyomdiki- la umlahlele ngaphandle futhi lokhu kubandakanya nami.²⁴ Ngakho-ke ngiyazi ukuthi ungizwile, futhi ngiyazi ukuthi ungiphendulile, futhi ngiyazi ukuthi ngisindisiwe.²⁵ Futhi Ngiyabonga, NKOSI JESU ukuthi usindise umphefumulo wami, kanti futhi ngizokhombisa ukubonga kwami ngokwenza njengoba ungyala futhi ngingabe ngisona.²⁶

Ngemuva kwensindiso, uJESU wathi kubalulekile ukubhathizwa, ngokuphelele emanzini, egameni likaYise, neleNdodana, nelikaMoya OYINGCWELE.²⁷ Ngenkuthalo fundisisa iBhayibheli, wenze lokho elikushoyo.²⁸ USimakade ufuna utshele abanye ngensindiso yakho. Ungaba wumuntu ohambisa ivangeli lezincwadi zikaMfundisi uTony Alamo. Sizokuthu-

melela izincwadi mahhala. Shaya ucingo noma uthumele i-imeyli ukuze uthole ulwazi oluthe xaxa. Yabelana ngalomyalezo nomunye umuntu.

Uma ufuna umhlaba usindiswe, njen- goba eyala UJESU, ungamphangi uNKULUNKULU okweshumi kwakhe nemi- nikelo. UNKULUNKULU wathi, “Ingabe umuntu angaphanga uNKULUNKULU na?” Nokho niyangiphanga. Kepha nina nithi, “Sikuphange kanjani na?” Ngokweshumi nangeminikelo. Niqalekisiwe ngesiqalekiso: ngokuba niyangiphanga, sizwe sonke [nalelizwe lonke]. Ngenisani konke okweshumi [‘okweshumi’— u10% weholo lakho liphelele] enqolobaneni, ukuze kube khona inyama [nokudla okungokomoya] endlini YAMI. [Imphefumulo iyasindiswa] Futhi ningivinye ngalokhu, usho uJehova-Sebawoti, uma mina angeke ngikuvulele amafasitela ezulu, futhi ngithululele izibusiso kuwe, ngendlela yokuthi angeke ubenendawo eyaneleyo ukuzemukela endlini yakho. Mina ngiyokhuza umushwabadi ochithayo ngenxa yakho, futhi ngeke achithe izithelo zomhlabathi wakho; nomvini wakho ngeke waphonsa izithelo zawo ngaphambi kwesikhathi endle, usho uJEHOVA-Sebawoti. Futhi zonke izizwe ziyokuthi nibusisiwe ngokuba niyakuba yizwe elijabulisayo, usho uJEHOVA SEBAWOTI” (Malaki 3:8-12).

14 Hez. 38:14-23, Isahluko 39, Zak. 12:1-9, IsAmb. 20:7-10 15 Josh. 6:2-17, 20-21, 24-25 16 AmaH. 51: 5, Rom. 3:10-12, 23 17 Math. 26:63-64, 27:54, Luk. 1: 30-33, Joh. 9:35-37, Rom. 1:3-4 18 IzE. 4:12, 20:28, Rom. 3:25, 1 Joh. 1:7, IsAmb. 5:9 19 AmaH. 16: 9-10, Math. 28: 5-7, Mark.16: 9, 12, 14, Joh.2:19, 21, 10: 17-18, 11:25, IzE. 2:24, 3:15, Rom. 8:11, 1 Kor. 15: 3-7 20 Luk. 22:69, IzE. 2:25-36, Heb. 10:12-13 21 1 Kor. 3:16, IsAmb.3:20 22 Ef. 2:13-22, Heb. 9:22, 13:12, 20-21, 1 Joh. 1:7, IsAmb. 1:5, 7:14 23 Math. 26:28, IzE. 2:21, 4:12, Ef. 1:7, Kol. 1:14 24 Math. 21:22, Joh. 6:35, 37-40, Rom. 10:13 25 Heb. 11:6 26 Joh.5:14, 8:11, Rom. 6:4, 1 Kor. 15:10, IsAmb.7:14, 22:14 27 Math. 28:18-20, Joh.3:5, IzE. 2:38, 19:3-5 28 Dut. 4:29, 13: 4, 26:16, Josh. 1: 8, 22: 5, 2 Thim. 2:15, 3:14-17, Jak. 1:22-25, IsAmb 3:18

Sicela uxhumane nathi ukuze uthole ulwazi olubanzi, noma izincwadi mayelana nezinye izihloko ongazithakasela.

Tony Alamo, World Pastor (Umfundisi Wezizwe zonke), Tony Alamo Christian Ministries Worldwide P.O. Box 2948, Hollywood, CA 90078

Inombolo yethu yocingo esebenza amahora angamashumi amabili nane ngosuku, uma udinga ulwazi noma imithandazo:

+1 (661) 252-5686 • Fax +1 (661) 252-4362 • www.alamoministries.com • info@alamoministries.com

Izinkonzo ZamaKristu zikaTony Alamo Emhlabeni jikelele, zinikeza indawo yokuhlala nakho konke okuyizidingo zempilo kubo bonke abantu, ezindaweni zethu eU.S.; abantu abafuna ngempela ukukhonza uSimakade ngayo yonke inhliziyoyabo, umphefumulo, ingqondo namandla.

Izinkonzo zibanjelwa eNew York City njalo ngoLwesibili, ngo 8 P.M. nakwezinye izindawo ebusuku. Sicela ushaye ucingo kulenombolo: +1 (908) 937-5723, ukuthola ulwazi. UKUDLA KUYANIKEZWA NGEMUVA KWENKONZO.

Cela Incwadi kaMfundisi Alamo, UMesiya, ebonisa isambulo ngoKristu, esitholakala eTestamenteni Elidala, eziprofethweni ezingaphezu kuka-333. Iba isisebenzi ekuvuneni imiphefumulo ngokuba ubengumsabalalisi wezincwadi zikaMfundisi Alamo.

Zonke izincwadi zethu kanye nemilayezo elalelwayo kutholakala mahhala, nemali yokuposa, ikhokhwa yithi. Uma kukhona ozama ukukukhokhisa imali ngazo ngokungemthetho, shayela lenombolo yocingo +1 (661) 252-5686 (ucingo lukhokhelwa yithi, uma usifonela)

LEZIZINCWADI ZITHWELE UHLELO LWEQINISO LWENSINDISO (Izenzo 4:12).

MUSA UKUYILAHLA, DLULISELA KOMUNYE UMUNTU.

Kunina enikwamanye amazwe, sinikhuthaza ukuba nihumushe lezincwadi ngolimi lwenu lwendabuko.

Uma niphinda niyishicilela, sicela nifake le-copyright kanye ne-registration:

© Ishicilelwe ngoSeptemba 2011, 2015 Wonke amalungelo agodlwe nguMfundisi.Womhlaba uTony Alamo © Yabhaliswa ngoSeptemba 2011, 2015

ZULU—VOLUME 13400—THE PALESTINIAN COVENANT